basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## 2018

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi angama-35.**

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nowomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. **UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO**

   - Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Umbuzo omude enovelini/ubuciko bomlomo kanye nasemdlalweni mayiphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi abathemelezi, kodwa baphendula okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. 'Sasingazange Simbone' | Umbuzo omude | 10 | 7 |
| 2. 'Uyabongwa/Uyobongwa Njalo' | Umbuzo Omfushane | 10 | 8 |
| 3. 'Ngaphansi Komthunzi' | Umbuzo Omfushane | 10 | 10 |
| 4. 'Ngingumnqobi' | Umbuzo Omfushane | 10 | 10 |
| 5. 'Thumela Uzamcolo Nkosi!' | Umbuzo omude | 10 | 11 |
| 6. 'Nyuvezi YakwaZulu' | Umbuzo Omfushane | 10 | 13 |
| 7. 'Uthando' | Umbuzo Omfushane | 10 | 14 |
| 8. 'UNoluxolo/UNoxolo' | Umbuzo Omfushane | 10 | 15 |

**KANYE**

**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula umbuzo 9.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 9. 'Bamgudluzile' | Umbuzo Omfushane | 10 | 16 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye NOWODWA ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**Phendula umbuzo OWODWA kule noveli/emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 10. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 17 |
| 11. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo Omfushane | 25 | 17 |
| 12. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 19 |
| 13. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo Omfushane | 25 | 19 |
| 14. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 21 |
| 15. *Kunjalo-ke* | Umbuzo Omfushane | 25 | 21 |
| 16. *Impi Yabomdabu* | Umbuzo omude | 25 | 23 |
| 17. *Impi Yabomdabu* | Umbuzo Omfushane | 25 | 24 |

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 18. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omude | 25 | 26 |
| 19. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo Omfushane | 25 | 26 |

| ISIQEPHU C: UMDLALO<br><br>Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe. | | | |
|---|---|---|---|
| 20. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 29 |
| 21. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 29 |
| 22. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 31 |
| 23. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 31 |
| 24. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omude | 25 | 33 |
| 25. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omfushane | 25 | 34 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha, sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo olulandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA (✓) |
|---|---|---|---|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–8 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 9 | 1 | |
| B: Inoveli (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 10–17 | 1 | |
| B. UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA Omfushane) | 18–19 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 20–25 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena eyisi-8 ebuziwe elandelayo.

## UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**SASINGAZANGE SIMBONE – SZB Muthwa**

Nguye-ke lona,
Esasimuzwa ngendaba,
Sifunda ngay' emaphepheni,
Singakholwa noma sebesho,
Selokhu sazalwa sakhula siyalwa.
Ulw'eyokuthula neyokulingana.

Sasizitshela sizikhohlisa,
Ukuthi uyoth' angaphuma
Asifumbathis' umbayimbayi
Asigxish' inzondo negqubu,
Ngob'egqunyiwe wagqilazwa.
Cha, akubanga njalo.

Wasinik' udondolo sadondolozela,
Injobo wayithungel' ebandla.
Wasixhawulis' ukukhanya,
Waselul' imizimba,
Eyabe iwugogo uvalo
Ngokudans' iMadiba *Jive.*

Sakuzwa lokho kwesasa.
Wadum' uhlezi ungeyen' okaMenzi,
Wathandwa umhlaba wonke,
Wathanda umhlaba wonkana,
Ngob'uleth' ukuthula,
Ngob' uleth'intethelelo.

Waphuma wafana nenyanga,
Inyang' exosha' ubumnyama,
Yavuleka gengelez' iminyango
Kwaqhibuk' iBafana Bafana,
Kwaqhakaz' amaBhokobhoko,
Sawela sayoligenda phesheya.

Okwayizolo kwab' okwayizolo,
Wasikhomb' emasangwen' emfundo,
Ezomzabalazo zaphenduk' amakhuba,
Ngoba ebumb' isizwe.
Ume njalo wena wakoMandela!
Ume njalo wena wakoMadiba!
Ume njalo nqaba ye-Afrika!
Ethe inganqoba yadl' umhlanganiso,
Wawelela pheshey' iyobaqoqela khona,

Angeke silibale ngeCodesa,
Angeke silibal' umjayivo wakho,
Othi ungawudansa
Kugid' inhliziyo,
Kwenanele nawokhokho,
Bebon' abangazange bakubone.

Kwakungenganeko,
Babengahubhuzi akaBhejane,
Uma besizekela ngawe,
Nesizukulwan' esizayo,
Siyokuzwa ngawe,
Siyokuthanda futhi,
Uyohlal' ungowomhlaba Madiba.

Xoxa ngempumelelo yembongi ekudluliseni indikimba yoxolo/yenkululeko kule nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukuthi iyini indikimba yale nkondlo.
- Makuphendulwe kunikezwe indikimba ngokucaphuna izibonelo ngokwamabinza.
- Ukuveza uvo lwakho esiphethweni sempendulo.
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi hhayi ngokwamaphuzu.) **[10]**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UYOBONGWA/UYOBONGWA NJALO – NL Luthuli**

Wathath' imicabango nemizwa
Wakusheba nongwaqa nonkamisa
Owabancel' ebeleni.
Ukubamb' izinkanyezi kwakho kwasiza,
Walubamb' usiba kwaphum' izinkondlo.
Wabongwa.

Ngokuphazima kweso benganakil' abantu.
EManyiseni sebekhiph' uqweqwe
Isifundiswa sesithenjwa sakoMathenjwa
Esiklwiklwiza ngosiba nxa kuvuk' usinga
Kukhihlike ingwebu yolwazi engqondweni,
Namhlanje bayabonga ngaso.

Ngomzuzwana ungakazinzi
Phansi komthunzi welanga,
Usucathulise wachushisa wacongisa,
Kwaphum' izingqwayingqwayi zezifundiswa,
Eziphekwe kweyakh' imbiza.
Namhlanje ziyahalalisa ngenjabulo
Namhlanje uyabongwa yizo.

Kuzwakal' inhlokomo namacilongo.
Kuzamazam' izizwe zonke uyabongwa.
Nawe jabula uhalis' uzibongele.
Likhul' igalel' osulenzile.
Usuyibekil' induk' ebandla.
Ufanel' ukubongwa.

Asebadlul' emhlabeni bekwazi
Ukuphekwa kweyakh' imbiza,
Babonga bayanconcoza.
Nanamhlanje lokh' usabongwa.
Uyoshabalala kuhle kotalag' emehlweni
Alo mhlaba omagade,
Nokho liyosal' igama lakho,
Liphile libongwe njalo njalo.
Ufike nakwelamathongo, libongw'
Elakh' igama.

USomandl' akakuhol' ezinyathukweni
Zakh' akuhlahlamelise.
Uz' ukhehlisw' isicoco sokunqoba.
'Ze ubongwe nayizizukulwane,
Laph' usuzikhombisil' indlela yempumelelo
Ngodondolo lwamaqhawe.

2.1 Tomula imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1 bese usho uhlobo lwayo. (2)

2.2 Chaza kafushane umoya oqukethwe ibinza lesi-3 nelesi-4. (2)

2.3 Chaza umqondo oqukethwe umugqa wama-30 ukuya kowama-33. (2)

2.4 Chaza isizathu sokusetshenziswa kwenjambamenti emgqeni wama-36 ukuya kowama-37. (2)

2.5 Xoxa ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni impindwa kule nkondlo. (2)
**[10]**

## UMBUZO 3: (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NGAPHANSI KOMTHUNZI – P Ngubo**

Ungilondile ngalondeka ngathokoza,
Ngahlala ngenaba ngamamfuza nganwampel' izangqondo,
Izindebe zehla amafutha zaba bushelelezi,
Iso labona nokungabonwa sangoma nampholofithi,
Ingqondo yaphakama yangangezulu,
Yajula yathokoza ngahalalisa kuSomaqhinga,
Ngayindab' ezweni ngingumuntu odlal' amakhubalo-
Amakhubal' engawathol' enyangeni yakwaNgqondonkulu.
Ngininik' uphaphe lwendlondlo Sonane noMaMtimande omkhulu,
Ngokunginika ithuba ngisike kwelinonile.
Ngiphakamisa nobabili ngokungemulisa ngisik' insonyama.
Lezi zenz' enangipha zona naningihlomisa;
Noma kunini ngithokozel' **ukungadlali Ndiya naBhunu**.
Lesi sibani kasicimi nom' izivunguvungu zihlasela.

3.1 Tomula amagama AMABILI asetshenziswe imbongi asho indlela amasi adliwa ngayo kule nkondlo. (2)

3.2 Fingqa umqondo okuqukethwe umugqa wesi-9 ukuya kowe-11. (2)

3.3 Yini inhloso yembongi ekusebenziseni ifanangwaqa emgqeni wesi-2? (2)

3.4 Ngabe umugqa we-12 unamthelela muni ekuqondeni kwakho indikimba yale nkondlo? (2)

3.5 Phawula ngokusetshenziswa kwamagama agqamile kule nkondlo. (2)
**[10]**

## UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NGINGUMNQOBI – NL Luthuli**

Ngingumnqobi munt' ongazi.
Nginqob' izinkinga ziza zelakanyana.
Ngesihlangu sam' esinguMfundo
Ngakhand' uphahla lwenkawu,
Ngazivika.

Ngiyingqwele mina munt' ongazi
Ngiphephezel' uphaphe lwegwalagwala
Ngazifojisa kweziny' izingqwele,
Ngaphophothwa zingqwele zakwangqondonkulu,
Abafokazana bakhwec' imisila.

Ngingumvemve mina munt' ongazi.
Ngincel' imibel' egwansile yakoMfundo.
Ngithol' ukwazi izinto ngibe nolwazi
Uma sengincele ngadela
Ngiyobhodla, ngibhonge,
Qede kusizakal' abaningi,
Kwazise ayihlatshwa mvusi.

Ngiyilanda mina munt' ongazi.
Inyon' emhloph' esus' imikhaza
Imikhaza yokungazi ezinkomeni zikaZulu.
'Ze nangomuso kube khon' oSolwazi,
Abanenzululwazi yokwazi izinto,
Bakwaz' ukuphons' umbalane nabo.

4.1 Tomula ukuxhumana okutholakala ebinzeni le-4 bese usho uhlobo lwako. (2)

4.2 Fingqa ngamaphuzu AMABILI akhombise umqondo oqukethwe yibinza loku-1. (2)

4.3 Izenzo zomuntu okukhulunywa ngaye kule nkondlo ezibalulwe emgqeni we-13 kuya kowe-16 zimveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

4.4 Yini inhloso yembongi ngokusebenzisa isimo sokukhuluma esiyisisho esisemgqeni wama-23? (2)

4.5 Phawula ngokusetshenziswa kwemvumelwano siqalo edwetshelwe ebinzeni lesi-2. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMUDE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**THUMELA UZAMCOLO NKOSI! – BT Msimang**

Wena wedwa ojuba amazulu
Ukuba asifafaze ngemikhemezelo;
Wena wedwa oyalela ilanga
Ukuba lisibusise ngenkazimulo;
Nguwena wedwa-nguwena wedwa!

Inile yakhemezela,
Kulo mhlabathi olugagadu! ogwadule,
Phinde ukuzwela kule nkundla
Yesishingishane, lapho kuke kusuke
Ifu lezintuli zikhuhle khuhle;
Baxhoshwe zinsunsu bacikic' amehlo,

Kubemnyama bhuqe.
Wena wedwa
Odala ubugqikolo bedwala;
Wena wedwa
Olola ukucija kwameva;
Nguwena wedwa- nguwena wedwa!

Lidumile langqangqazela,
Leza nezihlambi layidliva,
Kubemanzi wena tshe wena dwala,
Zamuncamunca izimpande ngethemba
Lokusimama. Yaphuma inhlamvu
Yakhotha konke, idwala eliyimi lasala
Lome geqe.

Nguwena wedwa
Ongaqhekeza ubutshe bedwala;
Nguwena wedwa
Ongathuntubeza izinciji zameva;
Wena wedwa- wena wedwa!

Thumela uzamcolo, Baba,
Amadwala amatiswe amanziswe
Ubulukhuni bukhunyuzwe;
Kuqhekeke nezimfa ukuze
Izwele imvula yempilo;
Aphile amatshe namadwala,
Alimemeze igama longabonwayo!

Xoxa ngempumelelo yembongi ekukhetheni amagama anembayo ekudluliseni indikimba yamandla oMdali kubantu kule nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukuthi yini ukukhethwa kwamagama.
- Makuchazwe ukuthi yini indikimba yale nkondlo.
- Makuphendulwe kunikezwe indikimba ngokucaphuna izibonelo ngokwamabinza.
- Ukuveza uvo lwakho esiphethweni sempendulo.
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi hhayi ngokwamaphuzu.) **[10]**

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NYUVESI YAKWAZULU – LF Mathenjwa**

INgqungqul' eshay' amaphiko phezu koMhlathuze
UMhlathuze wakhophoza
Ukhozi oluvul' amaziphokazi ezintabeni zoNgoye,
UNgoye lwesaba nokulwehlela
Ubhakubha olungezindlu zinde zishay' ezulwini
Inkunz'egweba ngepensela ezinye zigweba ngophondo
Indab' engiyizwe ngimncane ngakhula ngayibona ngamehlo.

Umzondo abawunyathele KwaZulu ukunuka kwezwakala eXhoseni
Kuze kwasa abeSuthu kwaMshweshwe beqaqanjelwa amakhanda
Ilangab' elihangul' izikhotha zase-Afrika kwasha amabibi phesheya
Ngikhuluma namuhla o-*Cambridge no-Oxford* abawuval' umlomo
*O-Fort Hare no-Turfloop* bakhwacel'
Imisidlan' okwengcanga ibon' ikhonde.

Gobhoza njalo mfula wolwazi uphuzis' i-Afrika
Ngifike isisu simboqo ngaphuma sesimapaklazana
Ngeswele ezinkulungwane ngangihuba ngikuhayele sibani soluntu
Izinkulungwane ezidlula kuwe aziwuvali chibi lolwazi
Bayingcosan' abaphuza kuwe kungacimeki ukoma.

Ngitshele mfazindini zingaki ezakho izimbiza?
Ngibuze kwelamaXhosa bangawuval' umlomo
KwelikaMabuza kaNgwane uyintokazi' eyisilomo
AbakoMshweshwe namanje beswel' imilomo

Uyadel' ophuze kuleso sizib' esinzonzo sakoNolwazi
Uphuthelwe ongacaphunanga kuleyo mbenge yolwazi.
Sizib'esimavivane **sikaNomfundo noNompumelelo**
Ngibe ngiyakugasela ngashaywa uvalo kwafik' isiyezi
Ngikubon' unyakazisw' inkanyamb' **uNolwazi**
Intengo yezaqheqhe noju lwakho ingilethel' uhlevane
Ngitshele Nhlalamafini wena wakoNomfundo yini imfihlo yakho?

6.1 Gagula isifengqo esitholakala emgqeni wesi-2. (1)

6.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe ibinza lesi-2. (3)

6.3 Ngabe ukukhethwa kwamagama adwetshelwe asemgqeni we-17 kube namthelela muni ekugqamiseni indikimba yale nkondlo? (2)

6.4 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa amagama abhalwe ngokugqamile kule nkondlo? (2)

6.5 Xoxa ngempumelelo yembongi yokusebenzisa isimo sokukhuluma esisemgqeni wama-28. (2)
**[10]**

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UTHANDO – KNN Gcumisa**

Abasha badume nezothando,
Okwalolu thando kuyadumaza,
Ngalolu thando sebeyaziqhenya,
Abasaluhloniphi nokuluhlonipha
Sekungumdlalo wamagendo.

Laph' abantu abasha, bethi banothando,
Ibhungu linothando lwetshitshi,
Bahlulwa yini ukuzihlonipha?
Kungani bekhohlisana?
Bayaziqhayisa ngalo
Omunye ethi ungowomunye?
Izimbali zanamuhla zilahlekelwa
Ubumbali bazo ngokuphang' umdaka.
Ongaphangi mdaka ubukelwa phansi,
Akhishwe inyumbazane anyundelwe,
Ngokuqinisel' umvuzo uyakuwuzuza,
Ekugcineni ebuhlanzweni bayo iyabuyela.

Nalapho umzali eqhamuka,
Abantu abasha abasamazisi,
Kugcwalwa imigwaqo kungaziwa nanyaka,
Kumelwe emakhoneni, nasezigxotsheni,
Wena mzali awusenasithunzi.
Wo, yeka kusadliwa ngoludala!
Kusadliwa ngoludala
Lwaluhlonishw' uthando.
Uthando kwakungolweqiniso,
Uthando lwalungaqhayiswa,
Abantu abadala babehlonishwa.
Kungabe lolu thando
Intsha edume ngalo
Olweqiniso na?

7.1 Tomula ukuxhumana maphakathi okutholakala ebinzeni lokuqala. (1)

7.2 Hlanganisa ndawonye okufanayo okuqukethwe ithoni emgqeni wesi-8 nowama-23. (3)

7.3 Chaza umyalezo odluliswa imbongi kule nkondlo. (2)

7.4 Ngabe ifanangwaqa eliqukethwe umugqa wesi-6 lilekelele kanjani esakhiweni sale nkondlo? (2)

7.5 Phawula ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni isikhawu/isizura emgqeni wama-21. (2)

**[10]**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UNOLUXOLO/UNOXOLO – KNN Gcumisa**

Udumo lakho luyababazeka
Ufana namanz' apholil' ehla entabeni.
Upholil' uphuzisa bonke abakulangazelelayo,
Ubaph' ukujabul' imizimba yethakase
Bekufumene wena Mduduzi wabadumele.

Lapho kukhon' ukuheleza komoy' obandayo,
Lapho kugelez' igazi emaweni athambekileyo,
**Izinyembezi zigeleza ingelezane,**
Kubhekenwe ngeziqu zamehlo.
Imilomo ikhafula okumuncu kodwa
Kungazeki okumuncu kodwa
Kungazeki ngubani oyakusiza.

Munye kuphel' ongaba umsizi, UNoluxolo,
Oleth' injabulo kubo bonke abaxabeneyo,
Onhliziyo zabo zibamtoti, ngothando
Oluletha ukufudumala okungunaphakade.
Kuletha ukuthokoza okungeke
Kwalethwa yilutho ngaphandle
Kothando, umusa noxolo

8.1 Nikeza imvumelwano maphakathi etholakala ebinzeni lokuqala. (1)

8.2 Chaza kafushane ngokuxhumana okutholakala emgqeni wesi-6 kuya kowesi-7. (3)

8.3 Chaza ukuthi umugqa obhalwe ngokugqamile ulekelele kanjani ukugqamisa umoya otholakala kuleli binza. (2)

8.4 Ucabanga ukuthi ithoni esetshenziswe emgqeni we-13 inamthelela muni kokushiwo imbongi? (2)

8.5 Hlaziya ukusetshenziswa kwe-enjambamenti emgqeni we-17 kuya kowe-19. (2)
**[10]**

**KANYE**

**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.)**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**BAMGUDLUZILE – CT Msimang**

Yini efunwa umuntu emntwini?
Yini efunwa luquqaba esintwini?
Umkhonto uyabagwaza imbazo iyabagenca,
Isihlangu basiphiwe basilahlile.

Yini ethandwa ngumuntu womhlaba?
Yini ezondwa ngumuntu womhlaba?
Baqoma ukuquva egoqweni njengezingulube,
Umhlambi wezimvu bawubhuqile.

Yini engakwenelisa sidalwa esingumuntu?
Yini engakulungisa sigwegwe esingumuntu?
Iqiniso elingabandlululi uyaligubuzela,
Ubulungisa ubunikiwe ubugudluzile.

Uyoyazi kanjani indlela wemuntu?
Uyofinyelela kanjani ekhaya muntu?
<u>Obhukwini uyabisha eziseleni uyakhalakathela,</u>
Udondolo uluphoqozile uluntshingile.

Okhandlekela wena uyamazi
Nokho wamkhinyabeza njalo.
Isibani esandleni sakhe sikukhanyisela
Usicishile wakhetha indlela yobumnyama.

[Icashunwe encwadini ethi: Iziziba zoThukela, CT Msimang]

9.1 Nikeza umugqa oyi-okzimoroni ebinzeni loku-1. (1)

9.2 Chaza kafushane umoya oqukethwe umugqa we-17 kuya kowama-20. (3)

9.3 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni uphawu oluwumbuzi emigqeni emibili yokuqala ebinzeni loku-1 kuya kwelesi-4? (2)

9.4 Chaza imbangela yokusetshenziswa komfanekisomqondo odwetshelwe kule nkondlo. (2)

9.5 Hlaziya isigqi esitholakala kule nkondlo. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA*** **– NG Sibiya**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo othi: 'Izinqumo esizithathayo ngempilo yethu zingaba nemiphumela engemihle empilweni yethu neyabanye abantu' ubhekise kulaba balingiswa: uMhlengi/Mahlengi, uNontobeko, uXolani, noNgidi kule noveli ethi, *Bengithi Lizokuna*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umyalezo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa nokwesekela ngokwenoveli.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekugqamiseni umyalezo wenoveli.
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

### UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA*** **– NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA A

'Ngiyakuthanda Mahlengi,' esho ngelimumethe umunyu.
'Nami ngiyakuthanda. Uyakwazi nawe lokho bakithi,' kuphendula uMahlengi ezama ukumgqolozela emehlweni uNdumiso, esibambisisa isandla sakhe.
'Ngiyakwazi lokho. Into nje uyangixaka namuhla,' enikina ikhanda.
'Ngiyaxolisa bandla. Bengingaqondile.'
'Ngibona kungcono ukuba ngihambe kengikushiye kahle nale micabango ekudlayo, ekwenza ungangiboni nokuthi ngikhona lapha endlini, ngikuvakashele ngoba sengikukhumbule, ngoba ngikuthanda …' kubhoke umunyu, ehluleke ukuqhubeka.
'Ngiyaxolisa bandla,' esibambisisa isandla asezama ukusidedela uNdumiso.
'Hhayi, ngiyehluleka Mahlengi ukuhlala nawe unjena,' esho esukuma eqalaza ijakhethi yakhe.
'Ngiyaxolisa bandla Ndu,' esho ngomunyu elibuka isoka lakhe lisukuma lithatha ijakhethi yalo nekepisi liyoma ngasemnyango.
'Ngiyakuthanda Mahlengi. Ngicela ungangiphoxi bandla. Ngizimisele ngawe.'
'Nami ngiyakuthanda,' esho eshalaza.
'Ungadlali-ke ngami uma ungithanda. Mhla wadlala ngami nje ngiyokubulala nganazi izandla. Uyangizwa Mahlengi?' limgqolozele ngamehlo abomvu, lizeneka izandla zalo ezinkulu, lilinganisa ukuthi liyomklinya kanjani limbulale mhla waqoma.

Akazange aphendule uMahlengi, kunalokho wakhophoza walihloma phansi ikhanda.

'Usale kahle,' libamba isicabha, livula umnyango.

'Uhambe kahle,' esho ngelinosizana.

'Kawusangikhiphi nasezinjeni?' ebuza ezama ukuhleka. Wasukuma uMahlengi waya ngasemnyango okwakumi kuwo uNdumiso, emthatha phansi, emphonsa phezulu.

**'Kawusangivalelisi nangokhisi?'** kubuza uNdumiso elula izingalo esibamba esilevini isithandwa sakhe.

'Hawu, wangihambela phambili, bengingasazokukhisa,'kuchaza uMahlengi ngamahlonyana.

'Ngikhisa phela,' esho egoba eqabula. Kwaba wumzuzwana beqabulana, wazisusa izindebe zakhe uNdumiso, wanikina ikhanda wasigqolozela isithandwa sakhe esasimbuka ngokumangala.

'Uyaqala-ke ukukwenza lokhu selokhu sithandene,' embuka ngamehlo adangele, ebusweni kubhalwe ukuphoxeka.

'Sengenzeni manje?' ebuza ngokwexwaya.

'*You always close your eyes when we kiss*. *But today* …' eneka izandla enikina ikhanda esigqolozela futhi isithandwa sakhe esesivele samshintshela ngelanga.

Ethuke uMahlengi. Yehheni, nangu umuntu eseqaphela yonke into bakithi. Uthi pho akasekufundile konke lokhu okumudla engqondweni nasenhliziyweni?

'Yini ngempela s'thandwa?' ebuza ngokukhathazeka uNdumiso.

'Hhayi bo, akulutho. Wena ubone kanjani ukuthi kangicimezile,' ebuza ngolakana manje.

'E … e …' abindeke, ahluleke ukuphendula. Athole inxeba uMahlengi.

'Uyabona ukuthi udlala ngami?'

'Kangidlali ngawe. Ngenziwa ukukuthanda.'

'Nami ngiyakuthanda. Ubusuvalelisile. Kasithintane kusasa,' esho esivula kakhulu isicabha. Wake wangabaza ukuphuma uNdumiso, wanikina ikhanda, wasibuka isithandwa sakhe, waphinde walinikina ikhanda, washaya kancane eseqonde emotweni.

11.1 Chaza isimo senhlalo esitholakala esingenisweni salesi siqeshana. (2)

11.2 Shono ukuthi yini lena eyenza umlingiswa onguNdumiso afune ukuhamba ngokwalesi siqeshana. (2)

11.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ukulandelana kwezigameko ngemuva kokwenzeka kulesi siqeshana ubhekise kumlingiswa onguNdumiso. (3)

11.4 Chaza kafushane umsebenzi womlandi mayelana nesimo senhlalo ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)

11.5 Chaza isizathu sokuba umlingiswa onguNgidi aguqule inhliziyo yakhe emuva kokufika kukaNontobeko. (3)

11.6 Ucabanga ukuthi kwakuyoba njani empilweni yomlingiswa onguNkululeko ukube akazibulalanga? (3)

11.7 Yini inhloso yombhali yokuveza udweshu phakathi kukaMhlengi kanye noNgidi ngenkathi uMhlengi etshela uNgidi ukuthi *'I am gay?'* (2)

11.8 Isenzo sikaXolani mhla ebona uMhlengi emhlanganweni simveze njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

11.9 Ngabe ukuhamba kukaNontobeko ayofuna uMhlengi kubo eGcilima kwamukelekile kuwena? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

11.10 Hlolisisa amazwi abhalwe ngokugqamile ukuthi anamthelela muni ekucaciseni indikimba yale noveli. (3)
**[25]**

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo othi: 'Ukuthanda imali ngokweqile kungaba nemiphumela engemihle empilweni yethu neyabanye abantu' ubhekise kulaba balingiswa: uChule, uDafo, uMeyili noMaHadebe kule noveli ethi, '*Usumenyezelwe Umcebo*'.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:
- Ukwethula nokuchaza umyalezo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa nokwesekela ngokwenoveli.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekugqamiseni umyalezo wenoveli.
(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

'Sesikwakho mntakwethu.'
'Kahle Chule. Kanti nawe uhlala kwamlungu njengami yini?'
'Hhayi kwamlungu Nomvula. KwaChule. Ngiyazisebenza futhi,' kumthokozise ukumbona emangele. '**Ubucebi abukho esikhumbeni, busengqondweni.** Asehle-ke mntakaMazibuko. Zishiye khona lapha izimpahla. Ngizotshela uNtombi azilande.'
Wehla uChule wamvulela isivalo, wambamba ngesandla, bachwathika baqhamukela endlini yokudlela eyayinetafulakazi, nezitulo zakwanokusho, nekhabethe eliphambili. Esababaza engaqedi uNomvula bedlulela kwamanye amakamelo ayevaliwe, benyathela ukhaphethe owawucwilisa unyawo. Wavula isivalo uChule, bangena emakamelweni okulala ayehlanzekile enamawodilophu ayengabonakali esodongweni, nemibhede eyayendlalwe ngezindwangu zezimali ezishisiwe. Baya ekhishini. Lalilikhulu, limakhabekhabethe ezimali, ubhazabhaza wefriji, zitofu nohhavini.

Kwakukhona intokazi eyayizishaye zonke ezasemajalidini, zifana nezakhe ayegcine ukuzigqoka ngayizolo. Yayisanda kuqashwa. Intokazi lena eyayisibutubutwana, iyinhle, yayimatasatasa ipheka ngamabhodwe ayebize izinkulungwane zamarandi, izimbiza zakhona zibiliswa wumswakama wawo.

'Nomvula, wuNtombi Zwane lona okuwuyena osiphekela ukudla okumnandi lapha ekhaya,' uChule emamatheka kancane. 'Ntombi, wuNomvula Mazibuko lona osivakashele.'

Besabingelelana bexhawulana behleka, uChule washeshe wamdonsa uNomvula, baqhamukela endlini yokuphumula eyayinomfonomfo ngosofa, imanyazela ngekhabethe elalisagolide, linemisakazo, ithelevishini, nani nani. Bathi gozololo, baphumula kule ndlu. Babuye benyuka ngezitebhisi, bakhuphukela kwenye indlu yokuphumula okwakungekaChule yokubuka umabonakude. Nayo yayinobucwazicwazi bakhona. Basheshe baphuma bayozimela phezulu evulande, babuka amagqquma oMlazi. Besamile, bekhombisana ngeminye imizi emihle, emxoxela nangokuthi abanikazi bayo bahlonipheke ngalokhu nangalokhu emphakathini, uNtombi wabatshela ngombhobho ukuthi ukudla kwase kubalindile. Baye endlini yokudlela, bazitika ngezibiliboco. Baqeda qede wasukuma uNomvula, uChule wamkhuza eseqoqa izitsha, ehlulwa yinjwayelo yeminyaka.

'Ungabe usalokotha manje uzithinte izitsha Nomvula, ngaphandle uma uNtombi egula noma kuwusuku lwakhe lokuphumula. Okungenani uma uthanda ukungiphekela ungazibamba izimbiza ngalelo langa nje, kodwa hhayi zonke izinsuku. Usumkhulu uma ungaka,' emethwesa ilunda.

Usezingeni lezinjinga. Ungeke wagijinyiswa yizitsha zoChule kwawena ususethubeni lokuziqashela isisebenzi sakwakho,' embuka emamatheka.

UNomvula waqale wathithibala esadidekile, ehlekahleka enamahlonyana, wayesehlala. 'Nzima, ngicela-ke senze okuyikhonakhona okuzele lapha ekhaya. Ake siyolunguza esitolo sami ngiphonse iso, bese sedlulela nakwezinye izindawo sibuke imisebenzi yabantu abazimisele ngentuthuko emhlabeni.'

Baphuma bazungeza umuzi bewubuka. Wawuyisitezi, ubheke inyakatho. Laphaya kwakunendlu yezisebenzi eyayibukeka isentsha, iyinhle kuneyoNomvula kwaDicey. Kwakutshaliwe egcekeni lapha, kusebenza uHlulintombi wakhona owayefika ngezinsuku ezithize.

13.1 Chaza isimo senhlalo esitholakala esingenisweni sale siqeshana. (2)

13.2 Shono ukuthi yini lena eyenza umlingiswa onguChule anqabe uma uNomvula eqoqa izitsha ngokwalesi siqeshana. (2)

13.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ukulandelana kwezigameko ezaholela ekutheni uNomvula avume ukuza emzini kaChule. (3)

13.4 Chaza kafushane umsebenzi womlandi mayelana nesimo senhlalo ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)

13.5 Chaza inhloso yombhali yokuba khona komlingiswa onguMaSikhakhane emzini kaMaNdelu. (3)

13.6 Ucabanga ukuthi kwakuyoba njani empilweni yomlingiswa onguGenyeza ukube akazange adume ngomculo wakhe? (3)

13.7 Yini inhloso yombhali yokuveza udweshu phakathi kukaMeyili noMaHadebe ngenkathi uMeyili ethi uNomvula makalandwe eThekwini? (2)

13.8 Isenzo sikaMahuzu sokuvuma ukuthunywa nguMaHadebe eThekwini kuNomvula simveze njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

13.9 Ngabe isenzo sikaNomvula sokungamxoleli uDaffo ngenkathi esecela uxolo kuye samukelekile kuwena? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

13.10 Hlolisisa amazwi abhalwe ngokugqamile ukuthi anamthelela muni ekucaciseni indikimba yale noveli. (3)
**[25]**

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo othi: 'Ukungabi nesimilo esihle kungaba nemiphumela engemihle empilweni yethu neyabanye abantu' ubhekise kulaba balingiswa: uDumazile, uMoloi, uSithole noMaNzimande kule noveli ethi, '*Kunjalo-ke*'.
Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:
- Ukwethula nokuchaza umyalezo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa nokwesekela ngokwenoveli.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekugqamiseni umyalezo wenoveli
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – MJ Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

'Uyabona mntanami, kusemhlabeni lapha. Abantu baphatha imithi emibi kabi lapha emsebenzini! Imithi iyasetshenziswa ngempela ayidlaliswa! Kuyenzeka-ke kodwa ukuthi abanye basuke bengaqondile ukuthakatha, basuke beqonde ukuziqinisa nokuthi bathandeke kubasi wabo emsebenzini. Uma-ke wena ulula, ungasebenzisi makhathakhathana, isigcwagcwa abasuke besikhipha siphuma nawe. Lapho unukisa okomzondo qiniso. Akekho umuntu obe esathanda ukukhuluma kumbe ukusondela kuwena.'

'Njengoba mama ngingakaze mina ngiwuphathe umuthi ngalezi zami izandla, sekusho ukuthi kufanele ngisebenzise umuthi manjena ukuze ngingabi naso isigcwagcwa?'

Ahleke kancane uMaNdovela.

'Cha mntanami, akukhona ukuthi uzosebenzisa imithi. Kufanele uthole izintwana nje ezincane zokuhlanza igazi. Kufanele ligezeke igazi lentombazane. Ehhe mntanami. Kusobala ukuthi wena ulula kakhulu. Imimoya uyihabula kalula. Uma ungabhekile uzokulahlekela lo msebenzi wakho.' Kumethuse uDumazile ukuzwa indaba yokulahlekelwa ngumsebenzi, wathanda manje ukuthola usizo.
'Zona izintwana eziyizaba zingatholakala kanjani, kuphi?'
'UMakhwashube yena uyawazi amakhathakhathana. Ngisho namadoda anezinkinga ezithenjini zawo, asizwa nguyena. Unayo ngempela imithi yokuzwanisa abantu.'
'Ngubani lowo MaKhwashube mama?'
'UmkaGubeshe, ugedla lolu lwakwaNtombela olusanda kushona. Awusayikhumbuli inyanga lena uyihlo aya kuyona ukuyofuna insizi yomeqo **ngenkathi wena usisanganisa uvela eMbumbulu nesisu?** UMakhwashube ngumkayo leyo nyanga.' Akhumbule uDumazile.

'Kuzofanela ngisheshe ngibonane naye-ke umama uMaKhwashube ngingaze ngiphelelwe ngumsebenzi.'

'Uma uyihlo efika, ngizomxoxela-ke naye.'

UDumazile akaphozisanga maseko, waphikelela khona kuMaKhwashube. Ngenhlanhla enkulu wamfica ekhona ekhaya. Babingelelana, baphilelana. Esezichazile uDumazile ukuthi ungubani wakwabani, wayilanda-ke inkinga yakhe emsebenzini. Kwathi angaqeda, umame lona wathatha wathi:

'Kuyacaca ukuthi kukhona umuntu okumele kabi. Ufuna uphume uphele emsebenzini. Ehhe, uphume uphele. Amathambo ekhanda angitshela lokho. Nokho-ke akukakabi kubi kakhulu uma ngizwa uchaza.' Waba nethenjana uDumazile.

'Angazi-ke noma uzofuna ngikunike izincweba bese ungikhokhela, noma ngikwelaphe ngize ngikuphothule anduba ngihole inkomo yami?' UDumazile wayengenalo ulwazi lokuthi kufanele kwenzeke kanjani. Wacela iseluleko kuyena uMaKhwashube. Babonisana kahle, bavumelana ngokuthi bazokhokhelana kanjani. Wayilungisa-ke imithi umame lona, wayibeka phambi kukaDumazile, emchazela nokuthi isetshenziswa kanjani.

'Awubongwa,'kusho uDumazile ethatha imithi yakhe, ephuma. Wahamba njalo waze wafika ekhaya. Wamazisa unina ukuthi uhambe kanjani. Waqala-ke ukuyisebenzisa imithi njengoba kade etsheliwe.

15.1 Chaza isimo senhlalo esitholakala esingenisweni sale siqeshana. (2)

15.2 Shono ukuthi yini lena eyenza umlingiswa onguDumazile anqume ukuzithatha iziyalo zikanina uMaNdovela zokusebenzisa imithi ngokwalesi siqeshana. (2)

15.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ukulandelana kwezigameko ezaholela ekutheni uDumazile atholakale esexoxa ngodaba lokuthi unesigcwagcwa emsebenzini. (3)

15.4 Chaza kafushane umsebenzi womlandi mayelana nesimo senhlalo ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)

15.5 Chaza inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMthovovo empilweni kaDumazile. (3)

15.6 Ucabanga ukuthi kwakuyoba njani empilweni yomlingiswa onguMtalaselwa ukuba wamlalela unina ngenkathi emxwayisa ngokushada kwakhe noDumazile? (3)

15.7 Yini inhloso yombhali yokuveza udweshu phakathi kukaLerato noMtholephi? (2)

15.8 Isenzo sikaMisi Hlophe sokubuza uDumazile ngoMoloi simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

15.9 Isenzo sikaSithole sokubuyela emzini wakhe noMaNzimande samukelekile yini kuwena? Sekela impendulo yakho. (2)

15.10 Hlolisisa amazwi abhalwe ngokugqamile ukuthi anamthelela muni ekucaciseni indikimba yale noveli. (3)
**[25]**

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

**IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo othi: 'Ukungawazisi umndeni wakho kuba nemiphumela engemihle' ubhekise kulaba balingiswa: uBafana, noPoppie kule noveli ethi, '*Impi Yabomdabu Isethunjini.'*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umyalezo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa nokwesekela ngokwenoveli
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekugqamiseni umyalezo wenoveli.
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA D**

'Weqile ekhaya Vikizitha? Yini lena ongitshela yona?' kubuza uHlanganisani kungathi uyadumala.

'Yebo ngeqile. Ukuba angeqanga, bebengeke bavuma ukuba ngize lapha.'

'Ngeke neze ngikuvumele ukuba weqe ekhaya. Alikho ivaka kwaNgubane Vikizitha. Sizobashayela ucingo kwenu sibatshele ukuthi ulapha ukuze bakhululeke. Kunganjani siye lapha esigxotsheni sikathelefoni?'

'Kungeke kulunge. Ngingabaqala ngokuthini nje ekhaya? Kalufakwa kumama lubuya nodaka. Masingalokothi siyihlohloloze inyoka emgodini wayo. Mina ngizohlala lapha kuze kube nguMgqibelo.'

'Beyobe beyini abazali bakho kuso sonke lesi sikhathi? Angiboni ukuthi kufanele ukuba abazali bethu sibaphathe ngale ndlela. Kuzothi kushaya uMgqibelo bayobe beyini nje?'

Nami kangazi Hlanganisani. Uma ufuna ukuba ubashayele wena, kulungile ungakuzama lokho. Mina ngingeke ngalokotha.

'Konje uthe ngumama wakho ovuthayo? Impilo yami Vikizitha, ingenza ukuba ngithole inselela kubantu abavuthayo. Ngizoshayela yena umama wakho uqobo. Nginike inombolo yocingo.'

Bahamba-ke ukuyoshaya ucingo esigxotsheni seposi. Lwangena ngokushesha ucingo kwaphendula yena uMaMthimkhulu. Wabuza ebuzile ukuthi ngubani okhulumayo. Wayemphendula ngomoya ophansi uHlanganisani ethi, 'Mama, ngithe nginguHlanganisani Ngubane, indodana kaLinono, umfowabo ka-Uzithelile.'

'Pho, ngingakwenzelani ngoba ngimatasatasa kabi. Kungabe ufuna ukukhuluma no-*Euthenasia* noma no-*Melody*? Nangu noyise ka-E*uthenasia* eduzane. Ufuna ukukhuluma naye?'

'Cha ngiyabonga mama. Angithandi ukukhuluma nabo kodwa ngifuna ukukhuluma nawe uqobo.'

'Kulungile-ke shesha. Khuluma ngoba anginaso isikhathi. Uthini-ke Hlanganisani?'

'Okokuqala ngithi ninjani mama?'

'Usho ukuthi ungishayele ucingo Hlanganisani ukuze ungibuze impilo. Kunganjani ukuba ungene endabeni ukuze ungachithi eningi imali, ikakhulu ngoba nakhu ushaya esigxotsheni.'

'Yebo ngizongena endabeni uma umama esengitshele ukuthi baphila kanjani, wase engibuza impilo nami. Ngenxa yokuthi nakhu nimatasatasa, kunganjani ukuba ngikushayele ucingo uma usunesikhathi sokuxoxa nami. Ngingakushayela nini mama?'

'Ewu kahle Hlanganisani. **Thina lapha emadolobheni singabantu abahlala bengenasikhathi.** Kunganjani ukuba uxoxe no-*Melody* no-*Euthenasia*?'

'Ngiyabonga ukuba ungivumele ngikhulume no-*Melody* kodwa mina bengithanda ukuxoxa nawe.'

'Sengikutshela okokugcina Hlanganisani. Nangu umalume wakho ungaxoxa naye. Naba no-*Euthenasia* no-*Melody* ungaxoxa nabo, kodwa mina anginasikhathi sokuba ngixoxe nawe. Angazi noma ngimbize yini omunye walaba ukuba bazoxoxa nawe?'

'Ungebabize abantu abangekho mama. Ungazami ukubiza u-*Euthenasia* ngoba ngeke wazi ukuthi uzombiza kanjani, futhi mina naye sesixoxe kakhulu.'

17.1 Chaza isimo senhlalo esitholakala esingenisweni sale siqeshana. (2)

17.2 Shono ukuthi yini lena eyenza uHlanganisani atshele uMaMthimkhulu ukuthi uzobuye amshayele ucingo ngokwalesi siqeshana. (2)

17.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU ukulandelana kwezigameko ezaholela ekutheni u-*Euthenasia* eqe ekhaya kubo. (3)

17.4 Chaza kafushane umsebenzi womlandi mayelana nesimo senhlalo ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)

17.5 Chaza inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMaMsibi owayeyithwasa empilweni kaBafana. (3)

17.6 Ucabanga ukuthi kwakuyoba njani empilweni yomlingiswa ongu-*Euthenasia* ukuba wafika wangemukelwa esikoleni emuva kokuphutha isonto lonke engabikile? (3)

17.7 Yini inhloso yombhali yokuveza udweshu phakathi kukaMaMthimkhulu noNgubane ngenkathi uMaMthimkhulu ethengele izingane zabo imoto? (2)

17.8 Isenzo sika-Uzithelile sokuba umbusi werijini YakwaZulu simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

17.9 Isenzo sikaMgwazeni sokumela u*Prisca* ngesenzo sokushayiswa kwemoto kaBafana samukelekile kuwena na? Sekela impendulo yakho. (2)

17.10 Hlolisisa amazwi abhalwe ngokugqamile ukuthi anamthelela muni ekucaciseni indikimba yale noveli. (3)
**[25]**

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo kulezi zinhlobo zobuciko bomlomo obulandelayo:

**ISIQESHANA E**

| | |
|---|---|
| INGANEKWANE: | Isibindi SikaGala kaNodade Biyela – umyalezo othi: (*Noma ngabe isimo sinzima kangakanani kepha kumele ube nesibindi sokulimela iqiniso.)* |
| IZIBONGO: | Usuku Lwamagugu – umyalezo othi: (*Uma unikiwe ithuba lokuzigqaja ngobuzwe bakho yiba nesibindi ungabi namahloni kulokho okholelwa kukho.)* |
| IHUBO: | Isencane Le Ngane – umyalezo othi: (*Oganayo/Owendayo makabe nesibindi sokubhekana nomendo.)* |

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umyalezo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuxoxa nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekugqamiseni umyalezo walobu buciko bomlomo.
  (Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**INSUMANSUMANE: 'IKHUBALO LIKAFUKWE'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA F**

Wavuleka umnyango ngokushesha, wangena. Wayifica imali igcwele yaze yafuna ukuphuma ngomnyango. Wayifaka emasakeni ewaphonsa ngasemnyango uma esegcwele. Wayifaka emasakeni ayishumi imali engamaphepha waze wafaka eyegolide emasakeni ayisikhombisa.

'Ngifuna ukuceba ngimedlule umkhwenyana kadadadewethu.' Wakhuluma umfowabo kankosikazi etatazela. Wazisola ukuthi akezanga ngani nodadewabo kanye nonkosikazi wakhe, phela ubezothatha yonke leyo mali eyayilapho uma ubeze nabo bonke. Bebezothutha kube kanye. Wasondela ngasemnyango ngokushesha wamemeza:

'Khubalo vula umnyango!'

Lutho umnyango ukuvuleka.
Wayesewakhohliwe amagama okumele awalandelanise uma efuna ukuthi kuvuleke umnyango. Ukukhohlwa lokho kwakubangwa ukutatazela.

*'Khubalo vula ngiphume!*
*Ngifuna ukuphuma phela!'*

Lutho ukuvuleka umnyango. Waqala ukukhathazeka usomabhizinisi, wazama ukubuyisa ingqondo kahle ukuthi kukhulunywa kuthiweni. Lutho, akasakhumbuli!

Wayesebamba lokhu ayeke lokhu ngokusangana. Amasaka emali negolide wayesewabeke buqamamana, ingqondo isekuphumeni, engasenandaba nemali. Wayecabanga ngengozi enokumvelela lapha ehlathini. Uma engavelelwa yingozi, uyokufa angaziwa nokuthi washona kuphi.

Batheleka abanikazi bedwala kusenjalo. Kwasuka isidumo ngaphakathi, usomabhizinisi esebamba eyeka. Wayengasazi ukuthi enzenjani. Wacabanga namanga azowasho uma ebuzwa ukuthi ufunani phakathi kwedwala. Wazama ukucabanga ngokushesha kodwa awekho amanga azwakalayo amfikelayo. Wadumela isaka elingenalutho, waziphosa phakathi, walibopha ngocingo njengoba kwenziwe kwamanye anemali.

Bangena abanikazi bendawo babona ukuthi ukhona ongenile wathatha imali. Bayibona nemali eshiywe ngasemnyango. Baqalaza, baqalaza kodwa bangathola lutho. Badumela wona kanye la masaka emali abawafice ngasemnyango bahamba nawo. Isaka okwakucashe kulona usomabhizinisi nalo bahamba nalo. Kwakunzima nokuphefumula ngaphakathi esakeni, esezisola usomabhizinisi ngokuthanda kwakhe imali. Wayecabanga ngamabhizinisi akhe angase awe aphele uma engafa. Wayecabanga ngemali yakhe engaka angafa engazange ayijabulela. Waqala wabona ukuthi ukuba nomhobholo nokuthanda imali kukusa kwagoqanyawo. Wathi uma efikelwa yile micabango, wacabanga ngesu angazisiza ngalo. Ngempela wafikelwa yisu ngokushesha.

19.1 Gagula isizinda sale nganekwane ngokwendawo bese unikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

19.2 Chaza kafushane ngodweshu olutholakala ngenkathi lo somabhizinisi esefuna ukuphuma emnyango. (3)

19.3 Nikeza okufanayo phakathi komlingiswa ongusomabhizisi otholakala kule nganekwane kanye nomlingiswa oyimpisi otholakala enganekwaneni ethi 'Impisi Eyisiminzi'. Sekela impendulo yakho. (3)

19.4 Yini inhloso yomxoxi yokwethula indikimba yomona kule nganekwane? (3)

19.5 Chaza isizathu sokusetshenziswa kweculo kule nganekwane . (2)

19.6 Ngabe umyalelo kamkhwenyana kadadewabo kasomabhizinisi wokuthi, 'angalinge atshele umfowabo ngengcebo yabo', echazwa yilesi sisho esithi 'ukufela ngaphakathi' kukwelekelele kanjani ukuqonda umyalezo wale nganekwane? (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA G: IZIBONGO ZAMAQHAWE NAMAQHAWEKAZI

**IZIBONGO ZIKAGCINA MHLOPHE**

Isihlahla somdlebe esimayikayika,
Esiyikazela ngezinhlobonhlobo zezithelo,
Ngoba siyikazela ngobuhle be-Afrika.
Usihlahla esigabe ngezithelo zaso,
Umkhiwane omuhle ongenazimpethu
Eminye yoniwa zibungu.
Abadla kuso abadeli,
Nezithelo zaso azipheli.
Usihlahla abaphumula kuso
Bamila izimpande.
Isihlahla esikhulise
Safukamel' izinyoni zase-Afrika,
Saye safukamela nezinyoni
ZamaJalimane namaNtaliyane,
Abadala nabancane bethi sixoxele.

19.7 Chaza ukuthi isaga esithi, 'Isilo siyawafinyeza amazipho' sihambelana kanjani nomuqga wesi-4. (2)

19.8 Ngabe imigqa edwetshelwe ilekelele kanjani ukuqonda umyalezo walezi zibongo? (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA H: AMAHUBO AGQUGQUZELAYO

**QHAKAZA**

Qhakaza, uqhakazise,
Noma ngingaqhakazanga,
Kodwa ngizamil' ukukuqhakazisa.
Ukuze uqhakazise.
Noma ngingelutho futhi
Noma ngingenalutho kulo mphakathi
Sengethembe wena
Kunto kwami ukuthi uzoqhakazisa
Nobengangiboni uzobheka ngamany' amehlo
Ekhangw' ukuqhakaz' akubonayo.

19.9 Qhathanisa ukuphindaphinda kwamagama okutholakala ezibongweni zikaGcina Mhlophe kanye nehubo elithi, 'Qhakaza'. (3)

**KANYE**

## ISIQESHANA I: IZIPHICAPHICWANO

> Ngikuphica ngensimu etshalwa ngezandla ivunwe ngamehlo.

19.10 Phawula ngokuxhumana kwesiphicaphicwano esingenhla kanye nezibongo zikaGcina Mhlophe. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

## ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)

### *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

Phawula ngokuvezwa komlingiswa ongummeleli emdlaweni othi, *Kudela Owaziyo*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza ummeleli.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho wena ohlolwayo mayelana nokuvezwa komdlali ongummeleli kulo mdlalo.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

### UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)

### *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA J

| | |
|---|---|
| MAMLANDULI: | *(Ngezwi elidabukisayo, uzwakala engaphakathi, ukhuluma enhlinhliza)* kulungile baba wekhaya, qhubeka nje wena nalokhu kungihlukumeza kwakho kodwa ngithi nje mina bayoze bakubone abanamehlo. Unesandla esilula wena lapha kimina ngoba ngingumuntu wesifazane kodwa ukuba ngingumuntu wesilisa ngabe kade uwukhwecile umsila. |
| MDALULI: | Ehhe! Ngikudendebulela wona njalo la maganyana akho ayiziswana. Yimina njalo lona ongabe usekhwice umsila? Ngabe uyazizwa kodwa ukuthi usuyangedelela-ke manje? Bengingabe sengikhwice umsila nje ngiyinja yini? (*Kuwo lowo mnyama kuzwakale umsindo wokungqongqoza okunesankahlu lapha esicabheni.)* |
| MDALULI: | *(Uzwakala engaphakathi, emangele*) Ubani-ke lona osezongiphazamisa lapha emzini wami ngisazincokolela kamnandi kangaka nomfazi wami? Bahlupha kabi njalo laba bantu abalunywa izimbungulu nobutumushe emizini yabo ngoba ubafica sebengqubuleka nje bengena bephuma emizini yabantu ungazi nokuthi bamenywe ngubani, kungahlatshiwe kunjalo nje. |
| ZAYEKA: | (*Uzwakala engaphandle ngezwi elinesankahlu)* Yithina singamaphoyisa. Sisebenzela ophikweni olumelene nodlame lwasekhaya lapha eSundumbili. Sivulele wena bo! Vu-la! |

MDALULI: (*Uzwakala engaphakathi ngezwi elinokweyisa*) Uqambe ushilo phoyisa ndini. Lutho olubaziwe! Angivuli mina! Kukwami phela lapha. Yihlazo phela leli olikhulumayo wena lokuthi ufuna ukungena ngo 'dli' ijazi lephoyisa ngibe ngazi kahle kamhlophe ukuthi uzoba yisiphazamiso esikhulu lapha ebudlelanweni bami nomkami nokwenza ngisemshikashikeni omnandi kangaka nomkami?

ZAYEKA: (*Uzwakala engaphandle, ehleka engahleki*) Hho! Mhlawumbe wena ucabanga ukuthi kwenqakwa amagenda lapha, yingakho nje ungichithela isikhathi ngoba sewuze wakhohlwa nawukuthi ngiyasebenza lapha mina. Uyazi ukuthini? Angenqeni phela mina ukuvele ngisebenzise amagunya ami njengephoyisa wokuba ngivele ngisibhodloze mina lesi sicabha. Awuthi futhi kengi … (*asho esikhahlela ngamawala)*

MDALULI: (*Uzwakala ngaphakathi*) Kahle ngamawala bo muntu womthetho. Ngilinde ngikuvulele. (*Asho abe egudluza umshudu ngaphakathi maqedane kuvuleke.*)

ZAYEKA: Ehhe! Sase sithelekile ngaphakathi. Sangena maqedane lagcwala umoya ibhulukwe endodeni. E … ake usisize kanjena-ke mnumzane wami: njengamanje phuma uyongena evenini. Uyangizwa ukuthi ngithini lapha kuwe?

MDALULI: (*usehlahle amehlo, umangele*) ngoba kwenzekenjani? Ngizoze ngingene evenini nje ngoba konakaleni?

ZAYEKA: (*ngezwi eliphakeme*) Habe! Kanti usabuza wena ekubeni uvele nje unayo impendulo? (*athinte kancane isikhwehlela*) lalela-ke sikutshele thina esizazi kangcono: usuboshiwe!

MDALULI: (*Useqwebule amehlo*) ngize ngiboshwe nje mina bomthetho ngimangelelwe ngubani?

ZAYEKA: (*Ngesankahlu*) ungaze ubuze lowo mbuzo ocimeze kanjalo nje, usho ngoba ungaboni njalo wena ukuthi sewenze monakalo muni wena? Lo mame esimfica enhlinhliza lapha futhi ephophoza izinyembezi ebusweni, ngabe uqonde ukusitshela ukuthi **kade eniselwa yinkasa yezivande namasimu?**

21.1 Chaza isizathu esenza uMaMlanduli akhulume ngezwi elidabukisayo futhi elinokunhlinhliza? (2)

21.2 Xoxa ngokuthuthukiswa kwendikimba yalo mdlalo okugqanyiswa izenzo zikaMdaluli ezitholakala kulesi siqeshana. (2)

21.3 Chaza kafushane ukuthi inkulumo kaZayeka kulesi siqeshana imveza njengomlingiswa onjani. (3)

21.4 Nikeza okufanayo mayelana nomlingiswa onguZayeka kanye nomlingiswa onguZenyezile unikeze nezizathu zempendulo yakho. (3)

21.5 Chaza isizathu sokusebenzisa isu lokubikezela elitholakala ephusheni likaMdaluli. (3)

21.6 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda ngokwenkathi yamanje kulo mdlalo? (2)

21.7 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umoya emzini kaMdaluli ukuba ULondiwe wayengawalweli amalungelo abo njengomndeni? (3)

21.8 Ngabe isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sinamthelela muni ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? (2)

21.9 Uyavumelana nokuthi kulo mdlalo kukhona umyalezo otholakala esakhiwaneni othi; Akukho qili lazikhotha emhlane? Sekela impendulo uyibhekise kumlingiswa onguHeshane. (2)

21.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isethulo salo mdlalo. (3)
**[25]**

**UMBUZO 22 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Phawula ngokuvezwa komlingiswa ongummeleli emdlaweni othi, *Awuwelwa Umngeni*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:
- Ukwethula nokuchaza ummeleli.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho wena ohlolwayo mayelana nokuvezwa komdlali ongummeleli kulo mdlalo.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

**UMBUZO 23 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| SALIMANI: | UHulumeni wakho uthi abelungu bathini? Wena uthini? Yena uthini? |
| ZITHULELE: | UHulumeni uthi umngcele wezwe lakho kusukela ekuqaleni kwenyanga ezayo, okusho ukuthi kusasa mhla lulunye kuMashi, akusezukuba yiwona umfula uMngeni, kodwa sekuzoba umfula uMkhabela. (*Wagqolozela uSalimani. Waqongqotha inqawe yakhe.)* |
| SALIMANI: | Sekungelami manje? Kuke kwenzeka lokho **ngingafa nokufa!** |
| ZITHULELE: | Uyofa phela. Nakhu kuzokwenzeka. |
| SALIMANI: | Amanzi oMngeni ayophenduka igazi abelungu bamapulazi beke bawuwela uMngeni! |
| ZITHULELE: | (A*coshe inqawe esitsheni somlotha kagwayi ayiqongqothe futhi bese eyigxisha ugwayi ngesithupha.)* Uzobulala abelungu? |

SALIMANI: Abazobulawa yimi. Njengoba kwakunjalo, ngaseNyakatho owami umngcele yintaba iPhasiwe. Lisuka lapho-ke lehle ngeziNyoluka neMpolweni libheka eMngeni. Libheka ngaseNtshonalanga liwuwele uMngeni linqume phansi koMkhambathi libuyele futhi eMngeni lihlukane nelakwaNyavu bese lihlukana nelakwaNdabakujwayele.

ZITHULELE: (*Aphisele inqawe emlonyeni, ayokhele afuquze*.) Kahle-ke (*Abhekise amehlo ebalazweni elisodongweni eceleni kwakhe*.) Awusufaka ngakuwe nelenye inkosi nje?

SALIMANI: Ngibala imingcele yendabuko. Nanxa leliya laseMbambangalo ngaphucwa lona nguHulumeni ngingasalilwelanga nje ngisalithatha njengezwe lami uma ngibuzwa kanjena.

ZITHULELE: (*Ebuyisa amehlo*) Awukwazi phela ukulibala ngakuwena leliya eliphesheya koMngeni ngoba selaphuma esandleni sakho ngokomthetho kaHulumeni laphathwa ngenye inkosi. (*Ephinda ethi nhla ebalazweni ebuya ewabuyisela kuSalimani amehlo.*)

SALIMANI: NgaseNingizimu-ke sehlukaniswa uMhudwana nabakwaNdabakujwayele kanti ngaseMpumalanga lenyuka ngoMqeku njalo lishaya amaPhephethe naMalanga ngaphesheya. Lize-ke liyothi ngqu eNhlambamasoka. Ligudla uNobayeni njalo lize liyothi ngqu oZwathini bese libheka koKhamanzi bese ke liyoma ngePhasiwe.

MBONGOLO NOMEHLO MPHILIPHILI: (*Banqekuzise amakhanda bayavuma*.)

ZITHULELE: Usayazi nokho imingcele yakho. Nokho kodwa ubala uhlanganise nezindawo uHulumeni asakwephuca zona wazinika abalimi babelungu.

SALIMANI: Lisho uliphinde elokuthi ngephucwa. (*Enyipha)*

ZITHULELE: Ngithanda ukuba kesibuyele emngceleni ongaseNtshonalanga ngoba lolu daba esihlangene ngalo luphathelene nawo. Ngithi ukhumbula kahle ukuthi ingxenye enkulu yesigodi sakho egudla uMngeni ize iyoshaya eMshwathi sekungeyabelungu bamupulazi. UHulumeni sewayinika bona.

SALIMANI: Usho labaya bantu bami asebesesiqhingini? Lapho abelungu bakini sebethi abantu bami nendawo yami okwabo?

ZITHULELE: Akusiqhingi salutho lokhuya ngoba ingxenyana encane kakhulu yomfula esahambela ngalena kwabo abantu bakho labo. Umfula usumkhulu nganeno. Lokho-ke sekwenze ukuba uVimbingwenya abe ngakonkosana. Umbusi-ke ungithumile kuwena ukuba ngikwazise egameni likaHulumeni ukuthi isigodi sakho sakwaVimbingwenya usuyephucwa sona, kanye-ke nokuthi umngcele wakho sekuzoba ngumfula uMkhabela njengoba sengishilo.

SALIMANI: (*Waphenduka uThukela ngokuphazima kweso walinga kwakusukuma ame ngezinyawo*.)

23.1 Yisiphi isizathu esenza uZithulele agqolozele uSalimani? (2)

23.2 Xoxa ngokuthuthukiswa kwendikimba yalo mdlalo okugqanyiswa izenzo zikaSalimani ezitholakala kulesi siqeshana. (2)

23.3 Chaza kafushane ukuthi inkulumo kaZithulele kulesi siqeshana imveza njengomlingiswa onjani. (3)

23.4 Nikeza okungumehluko mayelana nezenzo zomlingiswa onguMphiliphili kanye nomlingiswa onguNomehlo unikeze nezizathu zempendulo yakho. (3)

23.5 Chaza isizathu sokusetshenziswa kwesu lokujeqeza emuva kukaSalimani ngemuva kokukhuluma noZithulele enkantolo yaseMshwathi mayelana nokuklanywa kwezwe. (3)

23.6 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda ngokwenkathi ngaphambi kokukhululeka kweNingizimu Afrika kulo mdlalo? (3)

23.7 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umoya ezweni likaSalimani ukube uSalimani wayengawalweli amalungelo ombuso wakhe? (3)

23.8 Ngabe amazwi akhulunywa nguSalimani abhalwe ngokugqamile anamthelela muni ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? (2)

23.9 Uyavumelana nokuthi kulo mdlalo kukhona umyalezo otholakala esakhiwaneni othi; Akukho qili lazikhotha emhlane? Sekela impendulo uyibhekise kumlingiswa onguZithulele. (2)

23.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isethulo salo mdlalo. (3)
**[25]**

**UMBUZO 24 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Phawula ngokuvezwa komlingiswa ongummeleli emdlaweni othi, *Ubhuku lwamanqe.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama-390.

- Ukwethula nokuchaza ummeleli.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho wena ohlolwayo mayelana nokuvezwa komdlali ongummeleli kulo mdlalo.

(Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi, hhayi ngokwamaphuzu.) **[25]**

**UMBUZO 25 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| MAKHANGELA: | (Esehlahle amehlo ngenxa yokuthuswa yisibhamu esikhulukazi ayengakaze asibone empilweni yakhe.) Phindisiwe yenza njengokusho kwakhe umkhwenyana. Ingabe ngiyobabhekelwa ngubani abakwaMathonsi ngoba phela le nto ebengiyichwensa uThamsanqa yisono esingephinde sixoleleke. |
| NKULULEKO: | Musa ukusixoxela inganekwane. (Abheke umngane wakhe uMaqoma.) Umsebenzi wakho ukuthi uqinise indodakazi yakho idolo ingalokhu ihluphana nomphefumulo wethu yenze njengoba ngishilo. Lokho okhuluma ngakho niyosale nikubona seninodwa. Kufanele nginixwayise ukuthi ubulima benu yibona obuyonifaka kwenkulu inkinga lena. |
| PHINDISIWE: | Ngangingazi Nkululeko ukuthi unenhliziyo elukhuni ngale ndlela? |
| NKULULEKO: | Kuyokusiza ngani ukubuza lowo mbuzo manje, ngoba wehluleka ukubamba inhliziyo angithi? Nguwena owangisukela ngiziphuzela nabangane bami. Sonke lesi sikhathi ngangikuthengela ukudla nezimpahla zokugqoka. Imfihlo engiyigqibile uthini ngayo? Izandla ziyagezana ntombi. Sekuyisikhathi sokuthi nawe ungisize. |
| PHINDISIWE: | Sengonakalelwe Nkululeko ngenxa yakho. Nami-ke ngibeka le mibandela yokuthi uma imali leyo usuyitholile uyongihlephulela ukuze impilo iqhubeke ngoba ngiyobe ngingasenaye umuntu ongibhekile. Ukhumbule ukuthi uThamsanqa ubeyikho konke ezinganeni zami manje ukwehlukana kwami naye kusho khona ukuthi useyoyeka ukuzondla. |
| NKULULEKO: | Musa ukulokhu ungibalisela. Kwakufanele ukuthi ngabe yinto yokuqala eyafika emqondweni wakho ngesinyathelo osithandayo sokuqoma ube unomuzi nezingane. Ngabe akuzange kuvele ungiyosho. Ubunomyeni okuthandayo uphila impilo enhle ungaswele lutho. |
| MAKHANGELA: | Lixhoshwa libhekile ndodana. |
| MAQOMA: | Lizogcina ukuhamba liqalaza ligcine selixhoshwa yizona zonke izintuli lezi. Okubalulekile manje ukugxila kule mali esiyoyilanda kusasa ebhange. |
| MAKHANGELA: | Kuyonisiza ngani ukuthola kwenu imali ngoba namaphoyisa ngiwabekile. Okwesibili nithemba kangakanani ukuthi singeze sanidalula? |
| NKULULEKO: | Cha, lapho-ke noluncane uvalo kalukho. **Ukucwila kwethu kungukucwila kwenu.** Nikhumbule ukuthi nani ninaso isandla kuleli tulo ngeke saya sodwa esizibeni siyocwila sonke. Ukhumbule mama ukuthi yingane yakho esinike amacebo okuthi imali sizoyithola kanjani ebhange kanti nale nkulumo siyayiqopha ngalo makhalekhukhwini engiwuphethe. |
| MAKHANGELA: | Ubezokwenzanjani umntanami kulesi simo sokusatshiswa yini? |

NKULULEKO: Ukugcina isithembiso asenza.

PHINDISIWE: Musa ukuphosisa Nkululeko. Yicebo lami? Angithi ngenxa yokwesaba ukulahlekelwa ngumendo nokuthi uZiphozonke uyingane yakho akuyona ekaThamsanqa ngigcine ngivumile.

MAQOMA: Nawo-ke umvuzo wokwesaba nokungathembeki. (Ekhuluma enganake lutho)

NKULULEKO: Engikushoyo Maqoma mngane wami ukuthi kusize ngani ukwesaba kwakhe ngoba umendo uvele usuphelile. Walile ukubuya kimina sengincenga ukuthi sikhohlwe okwedlula siqhubeke nothando lwethu washaya phansi ngonyawo. Ngamtshela ukuthi ngiyomdalula uma eke wenza into engubulima nangempela wayenza ngagcina ngisejele manje ufunani-ke.

PHINDISIWE: Ngamanye amagama uyaziphindisela ngalokho okwenzayo?

NKULULEKO: Sengiqedile nokuziphindisela ngoba ngadonsa iminyaka emithathu ejele ngesimanga sakho. Ingane yami kayingazi ngoba kunguwena owangihlukanisa nayo. Empeleni kuningi engingakudalula ngakho uma ungahlakaniphile ekhanda lakho. Kungcono ungabe usakhuluma wenze lokho engithe ukwenze.

25.1 Chaza isizathu esenza ukuthi uMaKhangela ahlahle amehlo uma ebona isibhamu. (2)

25.2 Xoxa ngokuthuthukiswa kwendikimba yalo mdlalo okugqanyiswa izenzo zikaPhindisiwe ezitholakala kulesi siqeshana. (2)

25.3 Chaza kafushane ukuthi inkulumo kaNkululeko kulesi siqeshana imveza njengomlingiswa onjani. (3)

25.4 Nikeza okufanayo mayelana nezenzo zomlingiswa onguSikela kanye nomlingiswa onguKholekile unikeze nezizathu zempendulo yakho. (3)

25.5 Chaza isizathu sokusetshenziswa kwesu lokujeqeza emuva kukaNkululeko elitholakala esingenisweni salo mdlalo ngenkathi uPhindisiwe esembona engumuntu ononya. (3)

25.6 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda ngokwenkathi yamanje kulo mdlalo? (3)

25.7 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umoya emzini kaThamsanqa ukube uPhindisiwe wamtshela lonke iqiniso uThamsanqa? (3)

25.8 Ngabe amazwi akhulunywa nguNkululeko abhalwe ngokugqamile anamthelela muni ekuqondeni kwakho lesi siqeshana? (2)

25.9 Uyavumelana nokuthi kulo mdlalo kukhona umyalezo otholakala esakhiwaneni othi; Akukho qili lazikhotha emhlane? Bhekisa kumlingiswa onguPhindisiwe ngokomsebenzi wakhe. (2)

25.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isethulo salo mdlalo. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

*Akuvumelekile ukukopisha leli phepha*